



# **KWAZULU-NATAL PROVINCE**

**TREASURY**  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

## **UKHOZI FM SUNDAY SLOT** **INDUMISO WITH SBU BUTHELEZI**

**22 November 2020**



**MS. NOMUSA DUBE-NCUBE**  
**MEC: FINANCE**

***Msakazi: Esontweni lesine enyangeni kaLwezi, uNovember okuyinyanga lapho sigubha khona ikakhulu esiyisebenzisa ukuqwashisa ngodaba lokuhlukumezeka kwabantu besifazane nezingane. Kanti-ke silapha nje kuwusuku lwangoSonto ohlelweni lwethu oluyintandokazi – Indumiso. Kanti njengokwejwayelekile siba nayo ingosi yethu nabo aboMnyango kaMgcinimafa okuyi-KZN Treasury. Kanti-ke mlaleli ngasekhaya sinaye emoyeni yena ophathiswe loMnyango uMama uNomusa Dube-Ncube uNgqongqoshe omusha sha. Nzwakele siyakubingelela Ngqongqoshe ekuseni, sithi kuyintokozo ukuphinda sibe kanye nawe nabalaleli bomsakazo Ukhozi FM namuhla ekuseni.***

**MEC:** Sibonge Shenge sibingelele nakubalaleli bomsakazo omkhulukazi uKhozi FM ohlelweni lwethu ***Indumiso*** ekuseni nje kuyiSonto ekuseni.

Izwi lethu lokuvula namuhla siliithola eNcwadini kaMarku 5 vs 36: ***“Ungesabi, kholwa kuphela,”***.

Sivula ngalamazwi Shenge lapho uJehova esiqinisa kona idolo ukuthi singesabi kodwa sime okholweni lwethu noma ngabe izinto zinjani. Ekuseni nje Shenge ngithanda ukuthumela amazwi enduduzo kubo bonke abathandiweyo bethu abahlezi emanzini, nabakade befihla. SiwuMnyango kaMgcinimafa sithanda nokudlulisa amazwi enduduzo emndeneni nozakwabo kaMcwaningi-mabhuku Jikelele uBaba

uKimi Makwetu obefihlwa ngoLwesine kuleliviki siphinde samukele inkosazane uTsakani Maluleke osekunguyena obambe izintambo kuleliHhovisi.

***Msakazi: Siyabonga kakhulu Nzwakele ngalamazwi.***

***Ngqongqoshe? Siyakwemukela eMnyangweni wakho***

***omusha weZezimali owaziwa futhi njengoMnyango***

***kaMgcinimafa***

***MEC:*** Siyabonga Shenge. Kunjalo impela. Siyabonga ukusemukela. Ngingakuqinisekisa kubalaleli bomsakazo ukuthi kube nezinguquko esiGungwini esiphezulu kuleliviki. UNdunankulu uthe angizosiza lapha eMnyangweni kaMgcinimafa kwathi lowo obekunguNgqongqoshe waloMnyango uBaba uRavi Pillay wacela ukuthi angene esikhundleni ebengikuzona eMnyangweni wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokongiwa kweMvelo. Shenge uma sithunywa asibuzi okuningi kodwa siyenza njengomyalelo kaNdunankulu kanjalo nomyalela wombutho okunguwona ophethe uHulumeni kulesifundazwe nakuZwelonke. UMnyango kaMgcinimafa ungeminye unguMnyango obaluleke kakhulu ngoba yiwona obhekelela izidingo zokuhambisa intuthuko ngokuthi unikeze iminyango kaHulumeni imali yokusebenza. Kodwa-ke awugcini lapho loMnyango uphinde ubheke ukuthi izimali zisebenza ngendlela yini, ubheke futhi ukuthi izimali azisaphazwa ngendlela engenasidingo. Uphinde welekelele iminyango kanjalo noMaspala ngokuletha izeluleko, imigomo nokucwaninga amabhuku. Mukhulu umsebenzi osihlalele njengoba sibhekene nokuthi izimali ziphathwa kanjani nakulesisimo seCovid-19. Shenge ngithanda ukuthatha lelithuba ngedlulise izincomo zokuhlonipho

kulaboNgqongqoshe abebephethe loMnyango phambili okubalwa yena uBaba uPillay osanda kuphuma, uMama uBelinda Scott onguSekela Meyu eThekwini, uMama Ina Cronje ongusiHlalo weBhodi kwa-Trade&Investment KwaZulu-Natal, kanjalo noBaba uDkt uZweli Mkhize. Ngizizwa ngihloniphekile ukuthi ngime emahlombe alabaholi. Shenge umsebenzi uyaqhubeka ngisawuyena *u-Leader of Government Business* futhi ngisawuyena usihlalo eCluster ebizwa nge- Eiseid.

***Msakazi: Kuyezwakala Ngqongqoshe. Awusezopholisa maseko nokho ngoba bheka nje ngosuku***

***IwangoLwesibili kumele uthule uhlahlomali***

***IwesiFundazwe oluBuyekeziwe. Zimi kanjani izinhlelo?***

**MEC:** Shenge kunjalo impela. Impela konke sekumi ngomumo Shenge ngaloluHlahlomali lwamaphakathi nonyaka olubizwa phecelezi – *Provincial Budget Adjustment Estimates* esizolwethula kwisiShayamethetho saKwaZulu-Natal osukwini IwangoLwesibili njengoba ubusushilo phambilini. Shenge okubaluleke kakhulu siyazi ukuthi siyazi sonke ukuthi ubhubhane lweCovid-19 lusilimaze kakhulu kulonyaka wezimali kangangoba iminyango eminingi ilahlekelwe umthamo omkhulu wezabelo zawo. Lokhu-ke kusiphazamise kakhulu ekuletheni izidingo ngoba imali yonke ihambe yaya kobhekana nempi esisephezu kwayo namanje lena yeCovid-19. Noma ngingeke ngikhulume ngeSabelomali sethu esiBuyekeziwe singakethulwa kodwa ngingasho ukuthi sizodambisa sipheshe kancane lapho kubhoboke khona ukuze sikwazi ukuqeda lonyaka wezimali

ngaphandle kwezinkinga. Kakade loluhlobo loHlahlomali lukhonela lesosizathu kodwa kwedlulele kulonyaka njengoba kumele isandla sishone kakhulu esikhwamini.

Uphiko lwethu lwezokuxhumana luzomemezela zonke izinhlelo ezihambisana nalesisabelomali futhi luzomemezela izinhlelo zokuthi sizokwenzani emuva kohlahlomali nokuthi silusa kanjani ebantwini bakithi.

### **IN CLOSING:**

Sibonge kakhulu kuwe Shenge nabalaleli bonke bomsakazi osikhondlakhondla uKhozi FM.

IZwi likaNkulunkulu lokuvala silihola eNcwadini kaMarku 6 vs 30: ***“Abaphostoli babuthana kuJesu, bambikela ababekwenzile nababekufundisile,”***.

- Enye yezinto ezijabulisayo empilweni ukuthi ukwazi ukukhuluma izinto noJehova.
- Nabafundi bakaJesu babehlangana naye baxoxe ngakho konke okusuke kwenzekile
- Nawe ungathatha umzuzwana neNkosi uyibikele konke.
- Uzofumana ukuthi akaxinekile akabhizi ukuthi ezwe ukukhala kwenhliziyo yakho.

**UMTHANDAZO wami namhlanje ekuseni uthi:**

*“Nkosi, ngiyabonga ukuthi uhlale unami ungilondile. Uhlale njalo ulindele ukulalela ungizwe uma ngibiza igama lakho. Amen.”*